IMIBUZO EVAMILE MAYELANA NOKUVUSELELWA KWAMALAYISENSI EBHIZINISI

1. **Ngingayivuselela kanjani ilayisensi yami yebhizinisi?**
   Ungayivuselela ngokuvakashela ehhovisi lamalayisensi ebhizinisi owawufake kulona isicelo selayisensi. Kunamafomu okuvuselela ilayisensi agcwaliswayo okumele aphelezelwe ngamaphepha adingekayo. Ilayisensi yebhizinisi ingavuselelwa nasengosini yaku-inthanethi ngaphansi kwekhasi le-eServices lamaLayisensi eBhizinisi.

2. **Kuzokwenzekani uma ngingayivuseleli ilayisensi yami yebhizinisi?**
   Umnikazi webhizinisi uzothathelwa izinyathelo zomthetho wumhloli wamalayisensi nezinye izinhlaka zomthetho.

3. **Kubiza malini ukuvuselela ilayisensi yebhizinisi?**
   Ilayisensi yebhizinisi ivuselelwa MAHHALA.

4. **Labo abahweba ngokungemthetho bangachazelwa kanjani ukuthi iyini ilayisensi yebhizinisi?**
   Ilayisensi yebhizinisi yiphepha elinikeza ibhizinisi imvume yokuhweba ngokusemthethweni ngokuhambisana nalolo hlobo lwebhizinisi. Leli phepha yilona eliqinisekisa ukuthi ibhizinisi lisemthethweni futhi lihambisana nemibandela yoMthetho wezamaBhizinisi 71 wango-1991.

5. **Kungani ngidinga ilayisensi yebhizinisi?**
   Ilayisensi iyisidingo esibekwe ngokomthetho. UMthetho wezaMabhizinisi wango-1991 (uMthetho No. 71 wango-1991) uthi akekho ovumeleke ukuqhuba ibhizinisi ngaphandle kwelayisensi yebhizinisi. Kubalulekile ukuthi umphakathi uwuthobele lo mthetho ukuze kuthathwe izinyathelo zokuvikela umnikazi webhizinisi nabathengi. Kwinqubo yokukhishwa kwelayisensi yebhizinisi kudingeka kutholakale igunya kule minyango: owokuPhathwa kokuSetshenziswa koMhlaba, owe-Environmental Health, oweziCishamlilo neZimo eziPhuthumayo, uMnyango wezeZakhiwo, namaphoyisa kaMasipala.

6. **Ngingayithola kanjani ilayisensi yebhizinisi?**
   Ilayisensi ungayithola ngokufaka isicelo ku-inthanethi ekhasini le-eServices lamaLayisensi eBhizinisi noma ngokugcwalisa amafomu ezicelo uwahambise mathupha ehhovisi lamaLayisensi eBhizinisi eliseduze nebhizinisi lakho. Kudingeka ukuthi sithumele imibiko eMnyangweni wokuHlelwa kweDolobha noMnyango wezeZakhiwo ukuze igunyazwe. Uma le mibiko isigunyaziwe, abafaka izicelo basuke sebengakwazi ukufaka izicelo zabo bakhokhe nemali enqunyiwe kanti banikezwa izinsuku eziwu-21 zokuqinisekisa ukuthi bahambisana nemigomo yoMnyango weziCishamlilo neZimo eziPhuthumayo nowezeMpilo. Amalayisensi akhishwa uma ibhizinisi selihambisana nayo yonke imigomo yale minyango.

7. **Ihlala isikhathi esingakanani ilayisensi yebhizinisi?**
   Uma ibhizinisi lisasebenza futhi lisahambisana nemithetho efanele nemithetho kaMasipala, ilayisensi nayo iyaqhubeka isebenze. Ilayisensi iyeka ukusebenza uma umnikazi welayisensi ephuma endaweni asebenzela kuyo noma ibhizinisi liba nomnikazi omusha.

8. **Yiziphi izinhlobo ezahlukahlukene zamalayisensi ebhizinisi?**

Ngaphansi koMthetho wezaMabhizinisi 71 wango-1991 kukhona u-Item 1 okungowamabhizinisi okudla no-Item 2 okungewezikhungo zezempilo nezindawo zokungcebeleka nezokuhlala.

9. Kubiza malini ukufaka isicelo selayisensi yebhizinisi?

- UR574 wamabhizinisi okudla
- UR2842 wamabhizinisi ezempilo nawokungcebeleka
- UR574 wezitifiketi zezindawo zokuhlala
- UR287 wamabhizinisi asafufusa (izipaza)

10. Atholakalaphi amahhovisi amaLayisensi eBhizinisi kaMasipala weTheku?

Amahhovisi atholakala ezifundeni ezahlukahlukene kulawa makheli angezansi: -

- E-7th Floor, e-Embassy Building, ku-199 Anton Lembede Street, eThekwini
- ESizakala Centre eWinklespruit, ku-11 Grace Dale Road, eWinklespruit
- ESizakala Centre ePinetown Civic Centre, ku-60 Kings Road, ePinetown,
- ESizakala Centre eVerulam, Ground Floor, ku-151 Wick Street, eVerulam
- ESizakala Centre eMidway Mall, eNewlands West

11. Yini umsebenzi weHhovisi lamaLayisensi eBhizinisi likaMasipala weTheku?

- Ukuhlinzeka ngomsebenzi wokucubungula izicelo kanjalo nokukhipha amalayisensi amabhizinisi okudla, awokungcebeleka, awezikhungo zezempilo, nezindawo zokuhlala.
- Ukuqapha nokuqinisekisa ukuthi amabhizinisi ayayigcina imithetho ngokwemibandela yoMthetho wezamaBhizinisi noMthetho kaMasipala obhekelele amabhizinisi ezindawo zokuhlala.